# Hillcrest High School

IsiZulu Ulimi Lokuqala Lokwengeza

1st Additional Language

Ukuhlolwa kukaJuni 2018

Ibanga leshumi (Grade 10)

Iphepha lesithathu (PAPER III)

Isikhathi: 2 amahora

Umklomelo: 100

**KONKE KULELE KUWE !!!**

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:
   ISIQEPHU A: Indaba (50)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)
   ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)

2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, OWODWA ESIQESHINI B kanye noWODWA ESIQESHINI C.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)

6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: amaminithi angama-70
ISIQEPHU B: amaminithi angama-30
ISIQEPHU C: amaminithi angama-20

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
   ISIQEPHU A: (Izindaba)
   - Ubude bendaba

   Bhala amagama ayi-190 kuya kwangama-240.
   ISIQEPHU B: (Umbhalo owedlulisa imiyalezo)
   - Ubude bombhalo

   Bhala amagama angama-80 kuya kwayi-100.
   QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.
   ISIQEPHU C: (Imibhalo emifishane enemiyalezo)
   - Ubude bombhalo

   Bhala amagama angama-60 kuya kwangama-80.
   QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

## ISIQEPHU:A INDABA

1. Khetha **ISIHLOKO ESISODWA** kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni ayi -190 kuya emagameni angama – 240.

1.1 Bhala indaba ngesihloko esithi: Lezi Izifundo Engizithandayo. [50]

1.2 Bhala indaba esihloko sithi: Engizibona Ngiyiko Uma Sengiqede Ilbanga Leshumi nambili. [50]

1.3 Ube nenhlanhla wakhethwa ukuba umele izwe lakini phesheya kwezilwandle. Zibe ziningi izinkinga obhekene nazo. Bhala indaba esihloko sithi: Uhambo Lwami Lokuqala Lwaphesheya Kwezilwandle. [50]

1.4 Izinkinga ziyanda ezweni lethu laseNingizimu Afrika. Abantu basahlupheka emva kweminyaka engama-25 sakhululeka. Bhala indaba esihloko sithi: Uhulumeni Angenza Kangcono Uma... [50]

1.5 Omakhalekhukhwini sebenze abantu bahlukana phakathi ngokusetshenziswa kwabo emakilasini. Bhala indaba esihloko esithi Ubuhle Nobubi Bokusetshenziswa Komakhalekhukhwini Esikoleni [50]

1.6 Buka lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha esisodwa ubhale ngaso indaba. Ungakhohlwa ukuyipha isihloko indaba yakho.

## ISIQEPHU: B UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO

**2. Khetha ISIHLOKO ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama-80 kuya kwayi-100.**

### INCWADI YOBUNGANI

2.1 Abangani bakho abasha obathole kulesi sigamu sesithathu bakusizile washintsha indlela embi obewenza ngayo. Bhalela umngani wakho oyedwa okusize kakhulu INCWADI umbonge ngasekwenzele kona empilweni. [30]

### UMLANDO NGOMUFI

2.2 Usuhlale kakhulu nogogo noma umkhulu wakho. Umkhulu/ugogo ushone ngokukhulu ukuzuma. Umndeni ucele wena usizana nomama omncane wakho ukuthi ubhale umlando wakhe. Bhala UMLANDO NGOMUFI. [30]

### AMAMINITHI OMHLANGANO

2.3 Ukhethwe ukuba unobhala ekomidini labafundi esikoleni (RCL). Usihlalo ukucele ukuba ubhale amaminithi omhlangano wenu namalunga aleli komidi. Zakhele eyakho i-Ajenda bese ubhala namaminithi omhlangano [30]

### INGXOXO/ INTHAVIYU

2.4 Umngani wakho omethembile useqale umkhuba omusha wokweqa esikoleni ayobhema izidakamizwa. Namhlanje ucela ukuba neqe naye esikoleni. Bhala INGXOXO phakathi kwakho naye. [30]

**ISAMBA SESIQEPHU B: 30**

**ISIQEPHU: C** **IUMBHALO OMFUSHANE ODLULISA UMYALEZO**

**3. Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama-60 kuya kwangama-80.**

ISIMEMO

3.1 Umfowenu ohlala eNgilande uzobuya ngamaholide kaDisemba esezoshadelwa. Ukucele umhlele isimemo usizwa ngabazali sokumema izihlobo. Bhala ISIMEMO. [20]

IDAYARI

3.2 Abazali bakho bakwethembise ukuthi uma wenze kahle esikoleni bazokunika imali uhambe nomngani wakho oyedwa nivakashele idolobha olithandayo eNingizimu Afrika. Bhala IDAYARI yezinsuku ezinhlanu yenizobe nikwenza. [20]

IMIYALELO

3.3 Umndeni wakho uzovakashela eKapa amasonto amabili. Bakucele ukuba ubhale imiyalelo yezinto okufanele zilandelwe yilo ozoniqaphela ikhaya. Bhala IMIYALELO. [20]

**ISAMBA SESIQEPHU C: 20**

**ISAMBA SESISONKE: 100**